## INTRODUCTION

I HAVE been asked to write an introduction to this little book and I do so very readily because it is the first effort of its kind that has come from a Zulu, and also because it will fill a niche in Zulu literature that has been too long empty.

It is natural that the literature of a people should first find expression in its history and its folklore. We have already had "Abantu Abamnyama" from the pen of M. M. Fuze and "uZulukamalandela" by P. Lamula dealing with history, and it is therefore entirely fitting that we should have uCakijana Bogcololo from these two Zulu Teachers. Cakijana Bogcololo is the hero of Zulu childhood and occupies the same place as Brer Rabbit in America, Jakhals amongst the Griquas or the more modern Tiger Tim amongst English children. The fact that some of the stories seem pointless does not worry the little people.

I can commend this collection of tales for the use of teachers in all schools where Zulu is taught. They are the real thing as far as language is concerned, and are redolent of the native fireside.

I can imagine the gusto with which the children

will sing "Umlolozelo" or recount the story of "AmaDhladhla." They will take this book to their hearts because it speaks their language, thinks their thoughts and is impregnated with the reek associated with grandmotherly tales.

D. McK. MALCOLM,
*Chief Inspector of Native Education.*

Education Offices,
Pietermaritzburg.
*April 2nd,* 1927.

## AMAZWI ABALOBI

BANTABETU ; lencwadi si yi bhalele ukulinga ukulondoloza izinganekwane zakiti kanye nolimi lwakiti. Ulimi lwesizwe nemikuba yaso emihle ku yizinto ezinkulu ezifanele ukuba zi nga peli. Ukweta izinganekwane ku ngomunye wemikuba yakiti emihle esengati i ngama njalo. IsiZulu si ya kumiswa ukuba si bhalwe yini ezincwadini ; futi si kulunywe yini ngemitambo yaso. Si ye temba-ke ukuti nina ni ya kubhala ezingeono izincwadi zesiZulu nxa se ku ngani.

Si ya bonga kakulu kubo bonke abantu aba si sizile ekubhaleni kwetu lencwadi ; ikakulu abahloli be zikolo zakiti o Mr. D. McK. Malcolm no Mr. H. J. E. Dumbrell, no Mrs. Nelson Howard owatata izitombe ezikulencwadi ngesihle kanye na banye.

A. H. S. M. no G. C. S. M.

# OKUPAKATI


| ISIFUNDO | iKASI (PAGE) |
| --- | --- |
| 1. UKUZALWA KUKACAKIJANA—ISIQEPU SOKUQALA . . . . . . | 13 |
| 2. UKUZALWA KUKACAKIJANA—ISIQEPU SESIBILI . . . . . . | 16 |
| 3. uCAKIJANA NESALUKAZI—ISIQEPU SOKUQALA . | 19 |
| 4. uCAKIJANA NESALUKAZI—ISIQEPU SESIBILI . | 21 |
| 5. uCAKIJANA NOXAMU . . . . . . | 23 |
| 6. UKWALUSA KUKACAKIJANA—ISIQEPU SOKUQALA . . . . . . | 25 |
| 7. UKWALUSA KUKACAKIJANA—ISIQEPU SESIBILI . . . . . . | 27 |
| 8. UKWALUSA KUKACAKIJANA—ISIQEPU SESITATU . . . . . . | 29 |
| 9. uNHLIZIYONKULU NEMBULU—ISIQEPU SOKUQALA . . . . . . | 32 |

| ISIFUNDO | | IKASI (PAGE) |
|---|---|---|
| 10. | uNhliziyonkulu neMbulu—Isiqepu sesibili | 34 |
| 11. | uNhliziyonkulu neMbulu—Isiqepu sesitatu | 37 |
| 12. | Umlolozelo (Nursery Rhyme) | 39 |
| 13. | uCakijana namazimu—Isiqepu sokuqala | 41 |
| 14. | uCakijana namazimu—Isiqepu sesibili | 43 |
| 15. | Itshe li kaNtunjambili—Isiqepu sokuqala | 46 |
| 16. | Itshe li kaNtunjambili—Isiqepu sesibili | 48 |
| 17. | Itshe li kaNtunjambili—Isiqepu sesitatu | 50 |
| 18. | Itshe li kaNtunjambili—Isiqepu sesine | 53 |
| 19. | Indoda namazimu—Isiqepu sokuqala | 55 |
| 20. | Indoda namazimu—Isiqepu sesibili | 57 |
| 21. | Indoda namazimu—Isiqepu sesitatu | 59 |
| 22. | AmaDhladhla | 61 |
| 23. | Indoda nomkayo—Isiqepu sokuqala | 63 |
| 24. | Indoda nomkayo—Isiqepu sesibili | 65 |
| 25. | Intombi namajuba—Isiqepu sokuqala | 67 |
| 26. | Intombi namajuba—Isiqepu sesibili | 69 |

| ISIFUNDO | | IKASI (PAGE) |
|---|---|---|
| 27. | Intwala nomuntu . . . . . . | 71 |
| 28. | Izintwala ezimbili . . . . . | 73 |
| 29. | Ingqumamahele—Isiqepu sokuqala . . | 75 |
| 30. | Ingqumamahele—Isiqepu sesibili . . | 77 |
| 31. | Okabuhlakani . . . . . . . | 79 |
| 32. | uBuhlaluse beNkosi—Isiqepu sokuqala . | 82 |
| 33. | uBuhlaluse beNkosi—Isiqepu sesibili . | 84 |
| 34. | Izimvula zi ka 1925 . . . . | 86 |
| 35. | Isalukazi nomlobokazi—Isiqepu sokuqala | 88 |
| 36. | Isalukazi nomlobokazi—Isiqepu sesibili . | 90 |

# ISIFUNDO 1

## UKUZALWA KU KACAKIJANA—ISIQEPU SOKUQALA

| | | |
|---|---|---|
| HLATSHWA. | UBUBENDE. | UMCAKULO. |
| BONDA. | MASINYA. | UDENGEZI. |

Kwasukela inkosikazi ya kulelwa iminyaka emitatu. Kwati ngelinye ilanga kuhlatshwe inkomo, umntwana wa ti kunina esesiswini: "Mama, mama, ngi zalazale masinyane nansi inkomo kababa i pela." Unina wa ti: "Kahle mtanami, ngi sa bonda." Kwati dukuduku, wa buye wa sho futi umntwana wa ti: "Mama, mama, ngi zalazale masinyane, nansi inkomo kababa i pela." Unina wa ti: "Kahle mtanami, ngi sa paka." Wa nele wa qeda ukupaka wa m tshela futi ukuti a ka m zalazale masinyane. Nebala wa se e m zala.

Kwabe a ka pumile! Wa tata umkonto kayise kanye nesihlangu wa ya esibayeni wa fike wa cela ububende kuyise. Uyise wa mupa.

Wa se e busa kunina wa fike wa ti: "Mama, ngi pekele nampu ububende bami engi bu piwe ngubaba."



" UYISE WA MUPA UBUBENDE."

Wa ti e sa bu pekile unina, wa lala uCakijana. Bute se bu vutiwe e nga ka vuki uCakijana, wa budhla unina.

Wa vuka uCakijana wa bu funa ububende bake. Wa ti unina : " Sengi bu dhlile mtanami." Wa seti unina a ka bu koke. Unina wa bu koka ngomcakulo.

Wa hamba, wa hamba uCakijana nomcakulo, lowo wa fica omame be dhlela odengezini, wa ti : " Nazi izituta zi dhlela odengezini ! " Ba ti a ka be tsheleke umcakulo. Wa be tsheleka. Ba te be ti ba pakela kuwo, wa fa.

Wa ti uCakijana: "No ngi nika kamba lami; kamba lami ngi yi pele mama; mama njalo dhle bende bami, bende bami njalo ngi yi pele baba." Ba se be m nika itunga.

IMIBUZO

1. Kwakwenzenjani nsukwana ku zalwa uCakijana?
2. UCakijana wa celani kuyise?
3. Umcakulo kaCakijana wa kokwa ngani?

# ISIFUNDO 2

## UKUZALWA KUKACAKIJANA—ISIQEPU SESIBILI

| | | | |
|---|---|---|---|
| ITUNGA. | AMATSHE. | IZINDUKU. | IMBAZO |
| SENGA. | UKAMBA. | FICA. | GAWULA. |

Wa hamba nalo-ke itunga, wa fica abafana be sengela ezigodini zamatshe. Wa ti: "Nazi izituta zi sengela ezigodini zamatshe!" Ba se be boleka itunga lake. Wa be tsheleka. Ba te be ti ba ya senga ya li kahlela inkomo la fa. Wa ti uCakijana: "No ngi nika tunga lami, tunga lami ngi yi pele bafazi, bafazi njalobebulele kamba lami, kamba lami njalo ngi yi pele mama, mama njalo dhle bende bami, bende bami njalo ngi yi pele baba." Abafana ba m nika izinduku.

Wa hamba, wa hamba nezinduku wa fica amadoda elwa ngezandhla; wa wa hleka nawo, a se e boleka izinduku zake. Wa we tsheleka. A ti a ya lwa ze puka izinduku. Wa ti: "No ngi nika nduku zami, nduku zami njalo ngi yi pele bafana, bafana njalo bulele tunga lami, tunga lami njalo ngi yi pele bafazi, bafazi njalo be bulele kamba lami, kamba lami njalo

ngi yi pele mama, mama njalo dhle bende bami, bende bami njalo ngi yi pele baba." Amadoda a m nika imbazo.



"AMADODA A M NIKA IMBAZO."

Wa hamba, wa hamba nembazo, wa finyanisa isalukazi si gawula umuti pezu kwewa ngezineezu zamatshe. Wa ti: "Yek' isituta, si gawula ngamatshe!" "A-ke u nge tsheleke pela imbazo leyo mtanomtanami," se kusho isalukazi. Wa si nika. Si te si ti si ya gawula, ya punyuka imbazo ya kalakatela eweni. Mamo uCakijana! "Wo ngi nika mbazo yami, mbazo yami njalo ngi yi pele madoda,

madoda njalo pule nduku zami, nduku zami njalo ngi yi pele bafana, bafana njalo bulele tunga lami, tunga lami njalo ngi yi pele bafazi, bafazi njalo be bulele kamba lami, kamba lami njalo ngi yi pele mama, mama njalo dhle bende bami, bende bami njalo ngi yi pele baba."

Isalukazi sa ti a si naluto lokukoka, ngako-ke wa si sunduzela eweni wa hamba.

Nakekelani kakulu izinto enizebolekileyo.

IMIBUZO

1. Ngobani a be boleka itunga li kaCakijana ?
2. La kokwa ngani itunga lake ?
3. UCakijana wa yi tatapi imbazo ?

# ISIFUNDO 3

## UCAKIJANA NESALUKAZI—ISIQEPU SOKUQALA

| | | |
|---|---|---|
| HAMBA. | TSHWI. | IZINKOTSHANA. |
| EMZINI. | UMLILO. | XAPAZELA. |
| EBHODWENI. | SHONO. | YOBAYOBA. |

KWASUKELA: uCakijana wa hamba, wa hamba, wa fika emzini kukona isalukazi. Wa ti kuso: "Gogo, gogo, a-ke si pekapekane."

Sa vuma-ke isalukazi. Wa ti-ke uCakijana: "Kuzo qala mina-ke, ngo ti ngi nga ti: 'Tshwi, ngi vutiwe!' bese u nge pula-ke."

Nebala wa ngena ebhodweni, sa zibekela isalukazi sa basela. We zwakala uCakijana embizeni: "Tshwi, ngi vutiwe!" Sa m kipa isalukazi, kwa ngena sona. Kodwa amanzi a esesitukutuku nje. Naso isalukazi sa ti: "Ngo ti nga nga ti: 'Tshwi, ngi vutiwe!' bese u nge pula-ke." Wa vuma uCakijana kanti u si pata emehlweni.

Sa ngena-ke. uCakijana wa zibekela wa beka

enkulu inkunzi yetshe pezulu, wa basa omkulu umlilo ngapansi kwembiza.



"UVUTWAVUTWE MANINI ?"

"Tshwi! tshwi! ngi vutiwe," se kusho isalukasi pakati embizeni. uCakijana wa ti: "U vutwavutwe manini, nezinkotshana zakwenu zi nga ka xapazeli ?" Hawu! si ti si ya qinisela isalukazi kunga vumi, amanzi eseshisa, si buye si zwakale ngengila: "Tshwi! ngi vutiwe!" Po, uCakijana, a pinde futi a ti: "U vutwavutwe manini, nezinkotshana zakwenu zi nga ka xapazeli ?" U kuluma njalo uya basela embizeni lapa.

Sa be si ya te si ya yobayoba isalukazi a sa siza luto, sa ze sa vutwa ngempela.

IMIBUZO

1. UCakijana wa fike wa tini esalukazini ?
2. Ngubani owangena kuqala embizeni ?
3. UCakijana wa tini lapa isalukazi si ti a ka si kipe ?

## ISIFUNDO 4

### UCAKIJANA NESALUKAZI—ISIQEPU SESIBILI

| | | |
|---|---|---|
| AMATANJANA. | KOMBISA. | IMBOKODWE. |
| LAHLA. | ENCANE. | PESHEYA. |
| INYAMA. | IZINSIZWA. | HXOLODELA. |

WA se pula-ke isalukazi uCakijana, wa wa kipa onke amatanjana lana wa wa lahla, wa faka inyama eziko. Wa tela impupu wa bonda. Wa tata izipuku zesalukazi wa zembata, wa hlala wa ti fofobali endaweni yesalukazi. Ukudhla loku wa ku pakela okambeni wa ku beka emsamo.

A fika amadodana esalakazi, wa se e wa kombisa ukudhla. A tata a dhla.

Encane ya se i bona uzipo ya ti: " Sengati uzipo lukagogo nje lolu." Za yi tetisa ezinye za ti i hlolela ugogo wazo ukuba a fe. Za nele za qeda-nje ukudhla, uCakijana wa lahla lapaya izipukwana lezi, wa puma wa gida ebaleni, e ti: " Nadhl'unyoko pela, nadhl' unyoko pela ! "

Za m xosha, za m xosha izinsizwa wa ye wa fika emfuleni u gewele wa se ependuka imbokodwe enhle.

Izinsizwa za ba yate mpulampula, pezu komfula a zaze za m bona. Enye ya tata imbokodwe ya ti: "Yek'ukuba be ku lapaya, be ngi zo ku shaya ngalembokodwe, ngenze nje." Ya ti i sho njalo ya i yi jukujela imbokodwe nga pesheya. Lembokodwe ya penduka uCakijana futi. Wa gida nga pesheya e se ba hxolodela e ti: "Na ngi weza pela! na ngi weza pela!"

Ni-bo ba xwaya omaqinase.

### Imibuzo

1. Kwaza ngani ukuba izinsizwa zi nga m boni uCakijana ezi pa ukudhla?
2. A zi m bonanga ngani lapa se zi fike emfuleni?
3. Izinsizwa za si siza kanjani isita sazo zingaqendile?

## ISIFUNDO 5

### UCAKIJANA NOXAMU

UMNKANTSHA. TSHELEKA. BHAYIBHAYIZA.

IGEHXE. NYELELA. JABHA.

WA hamba-ke yedwa uCakijana e se suka esalukazini wa ze wa fika emzini. Abantu babedhla inyama, ba se be mupa ugalu. Wa wudhla wa wudhla wa se e hamba nawo e hamba em caba wa ze wa m bhoboza imbobo, e se funa umnkantsha.

Kute lapa e se kude, e se qede nomnkantsha, wa se e hamba e li beta lelitambo la m jabulisa ngoba la li kalisa okwegehxe.

Wa ti e dhlula ngasesizibeni wa bona uxamu e tamele. Wa ti uxamu kuCakijana: "A-ke u nge tsheleke mzakazana nami ke ngi betabete." Wa metsheleka. Kodwa wa bate u ya beta uxamu, kwa fufuza nje. Wa se eti uCakijana: "Leta lapa ngi ku kombise." Wa li tata-ke lapo uCakijana wa beta wa ze wa hawuka uxamu. Wa ti: "A-ke u nge tsheleke pela nami mzakazana, impela nami se nga li beta manje." Wa se emetsheleka-ke futi.



UCAKIJANA U BETA IGEHXE.

Kodwa-ke kwabe a ka m nikile! Wa ti nyelele nalo uxamu wa shona nalo emanzini.

Wa sale wa bhayibhayiza lapa uCakijana, e se kohlwe ukuti u zo kwenzenjani. Wa hlala, wa hlala, e ti uxamu u zo buye a pume, kodwa uxamu wa zi tulela nje pansi kwedwala lake esizibeni. NoCakijana wa ze wa jabha we suka wa hamba.

Induku i shaya imviki.

### Imibuzo

1. Abantu ba mupani uCakijana kulomuzi a fika kuwo kade exoshwa yizinsizwa?
2. Ya m jabulisa kanjani leyonto a ba mupa yona?
3. UCakijana noxamu ba hlanga-na-pi?
4. Yini e ya jabhisa uCakijana wa ze wa bhayibhayiza?

# ISIFUNDO 6

## UKWALUSA KUKACAKIJANA—ISIQEPU SOKUQALA

| | | |
|---|---|---|
| ISIKONZI. | SHESHA. | HLOMA. |
| UMSEBENZI. | UMKONTO. | IBANDHLA. |

Kwati e sanda kusuka esizibeni lapo, uCakijana wa fika emzini wenkosi; wa fica izinkomo zenkosi ze luswa ngamadoda.

Wa ti kuwo " Hawu! bandhla, a kukomfana yini izinkomo zi ze zeluswe ngobaba-nje? " A qale a m bheke-nje amadoda lomfana oti efika a bese ekuluma kanje. A se e m buza lapo epuma kona. Wa ti: " Qa mina ngi ya hamba-nje ngi yi sikonzi kodwa umsebenzi wami e ngi wazi kakulu ukwelusa."

Po, amadoda e bona umfana kuyinqwele, a m tata a yo m bika enkosini. Nenkosi ya fike ya bona-nje ukuti isomane somfana lesi.

Wa piwa-ke inyama nokuningi okunye ukudhla, wa lala sibomvu ngalelolanga! Wa sheshe we jwayela uCakijana lapa kwankosi ngoba wa yedhla inyama njalo.

Kwati emuva kwesikashana, ya ti nqamu inyama uCakijana wa se e cabanga isu lokuyitola. Ku te ngelinye ilanga wa li tola isù lake. Kwati lapa amabuto enkosi e se lele, wa hosha umkonto we linye. Wa ti nyelele, wa banga esibayeni, wa fike wa bhukuda enkulu inkabi yenkosi ngomkonto. Wa buyela endhlini, wa fike wa' wu hloma endaweni yawo umkonto, wa lala.

### Imibuzo

1. Ekufikeni ku kaCakijana emzini wenkosi zu ze lu—swa ngubani izinkomo ?
2. Yini eyenza ukuba uCakijana a fise ukwelusa izinkomo zenkosi ?
3. Wenzenjani uCakijana lapa e se tanda inyama ?

# ISIFUNDO 7

## UKWALUSA KUKACAKIJANA—ISIQEPU SESIBILI

| | | |
|---|---|---|
| UMHLOLO. | BHULA. | KWANKATA. |
| BHUKUDA. | ENDUKWINI. | CABANGA. |

Ya vuka-ke inkosi ngakusasa ekuseni yembete isipuku sayo, ya buka izinkomo zayo esibayeni. "Hawu!" sekusho inkosi, "Inkomo yami engaka i bulewe yini?"

Be se ku vuswa amabuto ukuba a zo bona umhlolo. Nawo a fike a bona ukuti inkomo yenkosi i bhukudwe ngomkonto: Kepa ku mangalwe-nje ngoba ku nga ziwa ukuti loko kwenziwe ngubani.

Kute lapa inkosi i si ti a ku yo bhulwa, kwa ti okunguCakijana: "Qa, mina ngi ya sola, kukona umuntu omubi lapa; a-ke ku bhekwe kahle konke nemikonto yawo amabuto lana.

Nebala-ke, be se ku tiwa izinduna a ke zi hlole kahle imikonto yamabuto. I te enye indoda i ya wu hosha owayo, ya fica igazi selize la kawula endukwini. Kwase kutiwa: "Kanti nguwe lona obulele inkomo yenkosi?" Wa se esiwa kwankata njalo.

Ya se i pekwa yonke inyama lena i tiwà wu !

Wa zi kipa-ke noCakijana izinkomo eseyokwelusa, kodwa eloku e cabanga ukuti a ngenze-njani ukuba inyama lena i dhliwe nguye yedwa.

IMIBUZO

1. Inkosi yenzenjani ekuseni ngakusasa ?

2. Mhlolo muni owavelayo ngalelolanga ?

3. Ngubani owaveza isu lokuba kutolakale umuntu obulele inkomo ?

4. Yini e ya i catshangwa kguCakijana ekweluseni ngalelolanga ?

# ISIFUNDO 8

## UKWALUSA KUKACAKIJANA—ISIQEPU SESITATU

SHONISA. GQISHA. HLANGABEZA.


EMAHLATINI. UMQUBA. UMQUTSHAQUTSHANA.

uCAKIJANA wa zi quba izinkomo zenkosi wa zi shonisa emahlatini akude. Wa pindela ekaya wa fike wa ti : " Izinkomo zenkosi zi lahlekile angazi lapa zi shone kona ! " Wa sho lapo nakuye se zehla.

Kwa se kuti kucu bonke abantu, a kwa sala ngi sho nesalukazi sakona ; kwa hanjwa kwa yo funwa izinkomo zenkosi.

Naye uCakijana wa hamba wa ba kombisa lapa be zidhla kona. Kute emuva kwaloko wa ti nyelele wa pindela ekaya. Wa fike wa ye pula yonke inyama, wa yi tutela ehlatini lapo e lusela ngakona. Wa gqisha umquba ezimbizeni ebe zi peke inyama. Wa se ehamba futi naye e se yo funa izinkomo.

Ba ti be me tuka wa se eqamuka nazo-nje e se zi quba !



WA TUTELA INYAMA EHLATINI

Ba m hlangabeza nabantu se be jabule. Wa se eti: "He! konje ukudhla kwenkosi loku okusele kodwa nga be se ku penduke samqutshaqushana-nje? A-ku hanjwe kakulu bakiti mina se ngi novalo ngoba se nga-ke nga yi bona lento."

Nempela abantu ba katuzele se be qonde ekaya. Ba ya fika ba gubukula izimbiza. Ba ti: "Hawu! nak'okukulu! ukudhla kwenkosi se ku penduke umquba njengokusho kukaCakijana." Be se kuba umhlolo olandela omunye nje-ke lowo.

Wa buye we lusa nje uCakijana: à buye nje eze ekaya, a senge, zi buye zeluke a fike a zi dhlele umkusu wake loya osehlatini.

Wa ze we muka nje kulenkosi ngoba esediniwe ukwelusa-Umuntu eqinile!

Ukutatela izinto pezulu kumengozi.

IMIBUZO

1. UCakijana wenza buqili buni bokususa bonke abantu emzini wenkosi?

2. Wa li tola kanjani isu lokuyokweba inyama?

3. Yini ezenza ukuba abantu ba nga m cabangeli uCakijana?

## ISIFUNDO 9

### UNHLIZIYONKULU NEMBULU—ISIQEPU SOKUQALA

| | | |
|---|---|---|
| SHUNQA. | ENDHLELENI. | IZIDULI. |
| QAPELISA. | TSHELA. | ISITULU. |

UMAF'AVUKE, uyise kaCakijana noNhliziyonkulu, wa ba tshela ukuti msukwana efayo, ba yo bona ngokushunqa kwentutu. Wa ba tshela futi ukuti ku yoti a ngafa ba hambe ba ye kwaMkindinkomo-wenkosi—kwadadewabo.

Kodwa uCakijana wa ti: "Qa, mina baba ngi yo hamba ngi ye kuleli lasenhla." Wa tula nje-ke uyise. Wa ti-ke kuNhliziyonkulu: "Mtanami, u bo gibela inkomo eyisitulu lapa u su hamba u su ya kwadadewetu. U qapelise, mtanami, inkomo i nga nyateli pezu kwesiduli."

Hayi-ke, wa fa uyise wa lababantwana. Nembala, ya shunqa intutu. uCakijana wa hamba wa ya kwelasenhla; uNhliziyonkulu, wa si gibela isitulu wa qonda lapa kwa tiwa a boya kona. Kute esendhleleni,

wa kohlwa iselulcko si kayise. Yizw'inkomo i si nyatela esidulini! Kanti esidulini lapa kukona izimbulu.

Ya ti imbulu: "Li duma ngapi-na wekaMbulukazana?" "Li duma ngapa kwelasenhla"; se ku pendula enye imbulu, "Ngi li bonile li twala, a-ke ngi pume ngi qoqe izinkuni. Se lina!"

### Imibuzo

1. Kwakungubani uyise kaCakijana?
2. Wa tini kubantu abake engakafi?
3. uNhliziyonkulu wa hlangana kanjani nembulu?
4. Imbulu ya tini lapa inkomo i nyatela isiduli?

## ISIFUNDO 10


### UNHLIZIYONKULU NENBULU—ISIQEPU SESIBILI

| | | |
|---|---|---|
| GQEGQEMUKA. | UBUHLUNGU. | UMBEKO. |
| UMLOBOKAZI. | IMBULUKAZANA. | PUMPUTA. |

Ya puma-ke imbulu, ya bona inkomo noNhliziyonkulu. Ya ti: " Ha! kanti umtakadade, uBuhlaluse: u ya ngapi-na dade?" Wa ti: " Ngi ya kwaMkindinkomo-wenkosi." Ya ti imbulu: " U yo gana yini-po mtakadade wetu?" Wa ti uNhliziyonkulu: " Yebo, ku tiwe ngi bo fike ngi gane, inkomo lena ngi yodhla amasi ayo." Ya se i ti imbulu: " A-ke u nge tsheyetsheyeke konke yoku okwembeteyo" (A-ke u nge tshelesheleke konke loku okwembeteyo).

Wa se eye tsheleka. Ya se i ti: " A-ke ngi yinganise nokugibeya." uNhliziyonkulu wa yi vumela imbulu ya gibela. U te lapa ese ti a yehlike, ya ti: " We! nge tsheyekana nembuyumakasana mina?"

Ya hamba imbulu i gqegqemuka nenkomo i qonde kwaMkindinkomo-wenkosi; ya ti kuNhliziyonkulu: "U bo ngi yandeya wena, u ngi twayeye icansi yami



KWAMKINDINKOMO-WENKOSI.

yeyo; se kunguwe imbuyumakasana. U nga fike u ti yimi, ngi yo ku buyaya, ngi ku sike ngomsiya wami yona. Nawe ngeke u wadhle wedwa amasi u nga fike u sho!"

Hayi-ke, ya hamba, ya hamba imbulu ya ze ya fika kwaMkindinkomo-wenkosi. Ba kala, ba kala abantu ba hlaba nezinkomo, be ti ba hlabela umntwana wenkosi. Kwa se kuti nge linye ilanga amakosikazi a ti: "A si hambe si yo geza wemlobokazi." Ba hambake ba ze ba fika emfuleni. Kodwa kute lapa sebe geza umlobokazi wala yena wa ti: "Mina ngeke ngi geze: kubuhlungu isisu."

Ba se be ti: "Geza mbulukazana" (se besho kuNhliziyonkulu pela). Wa seti umlobokazi: "Hawu! ikona imbulu ek'igeze? Hlala wena mbulukazana u nga lokoti u geze." Nembala a hlale-nje uNhliziyonkulu.

## ISIFUNDO 11

### UNHLIZIYONKULU NEMBULU—ISIQEPU SESITATU

| | | |
|---|---|---|
| NYELELA. | GQOKA. | DHLULA. |
| INSOTSHA. | QEDWA. | SUNDUZA. |
| NYONYOBA. | IZAMBATO. | AMAGULA. |

uNHLIZIYONKULU wa ye vama ukuhamba a yo linda nomlobokazi. Kwa kuye kuti be lindile ati nyelele uNhliziyonkulu a shone emfuleni. Emfuleni lapa ku fike ku vele uyise nonina nezinye izinto ezinhle eziningi, a dhle nokudhla, a bhince nesidwaba esihle; a ti lapa ese buyela ensimini a kumule konke loko, be se ku shona pansi futi.

Ba ze ba m bona nabantu, ba ti : " Hawu ! lomuntu insotsha yake i fana nekaBuhlaluse, nguye ofanele ukugana lapa kiti." Kwa se kuti ngelinye ilanga ba nyonyoba ba m bona e gqoke kahle kona emfuleni, ba muti xakatisi ! Ba m bamba e sa gqoke zona izambato zake ezinhle, ba fike ba m fihla ekaya.

Amagula belu ayesepelile umsila wembulu, yona lena

engumlobokazi! I loku i ti: "Amaguya yana a qedwa nguMbuyukazana ngomsiya wake yona."

Kwati nge linye ilanga abanye abalobokazi ba ti: "We-mlobokazi, a-ke si hambe si yo kweqa ku loluya donga." Kwa kukona udonga lapa kwa ku bekwe kona amasi benza ngoba umsila wembulu u nga yi ku vuma ukwedhlula emasini. Kwati lapa se be fikile odongeni wala umlobokazi, kodwa ba m sunduza abanye. Wa ti lapa eti u yeqa, umsila wa ngena emasini, ngoba pela imbulu sengati ya bulawa ngamasi lana!

Ba ti abanye: "Hawu! kanti nguwe imbulu esi qede amagula etu?" Ba yi bulalela kona lapo.

Wena u cabanga ukuti uNhliziyonkulu wenzenjani na? Wa gana, wa hlala kahle, njengoba kwa ku nguye umntwana wenkosi.

A kuko 'qili 'lazikot 'emhlane.

IMIBUZO

1. uNhliziyonkulu wayenza msebenzi muni kwaMlcindi nkomowenkosi?

2. Ba ze ba bona ngani abantu ukuti Nguyena mtwana wenkosi?

3. Ubuqili bembulu ba pela kanjani?

## ISIFUNDO 12

### UMLOLOZELO

1. Webuya hobhe,
U ya u peteni ?
Ngi ya ngi pet'inja
U ya kuyosapi ?

2. Ngi ya kuyos'endhle.
Ekaya kunani ?
Nge saba obaba ;
Ba za kungepuca ;

3. Ba bhuc' udevu,
Lomnt' omdala ;
Ngi ya lwesaba ;
Lu njengobholoba.

4. Ehlez' efusini,
Egobonyeka
Eti : maye maye !
Kazi ngo shonapi !

5. Ngo shona kubaba,
EMgungundhlovu,
A ngip' ucepe,
Ku vey' iziywane ;

6. Zakwa Masasasa.
Masasasa vuka !
Ngi vukenjani ?
Ngi buyewe-nje ?

7. Amakwenkwe ;
A kwa Tabete.
Tabete m'pi ?
Yena l'osenhla.

8. Shay' inkabi-le,
I junjute,
Nga yukayo,
Yu kaNtshivo.

9. Ntshivo myomo,
Msiya wenja,
U ya nuka,
Uti ki ! ki ! ! ki ! ! !

## ISIFUNDO 13

### UCAKIJANA NAMAZIMU—ISIQEPU SOKUQALA

| | | |
|---|---|---|
| ENHLA. | QAMUKA. | UMSWANI. |
| HLINZIWE. | QUQUDA. | QOTULA. |

uCAKIDE - bogcololo - umpepeti - wezinduku - zabafo (izibongo zake pela lezo) wa e se ngapa kwelasenhla, nga semazimini ehlala noyise sekwakiwe-nje futi!

Kwati ngelinye ilanga, wa hlaba inkomo. Kute i si hlinziwe, wa hamba wa yo teza izinkuni, wa shiya uyise ehlahlela. Wa ti esa teza, a qamuka amazimu a m xosha.

Wa ti mbe! ngejubane, ememeza eti: "We-baba, baleka nank'amazimu! A-zo kukudhla bo!" Uyise a ti: "Kuzwak' umtanami! u ti a ngi bek'eziko." A pinde futi a ti: "Baba, nank'amazimu!" A ti uyise: "Kuzwak' umtanami! u ti a ngi kwezele." Bala indoda i beke eziko, i qale nokukwezela.

Wa se efika uCakijana, wa muti fu! fu! ngomswani uyise, we dhlula yena wa baleka.

A fika amazimu amabili, a dhla inyama encane

cyayisekona. Elinye la bona uzwani lu kayise ka-Cakijana, lu vele emswanini la se li luti hlutu la lu ququda. Elinye la se li ti: "Wena ndoda u ququququdani lapo?" La pendula-ke elinye la ti: "Ngi ququda luzwani."

A se efika onke a wa ti penqu! penqu! umswani a mudhla a m shaya a m qotula.

IMIBUZO

1. uCakide wa e yengapi uyise esahlahlela inkomo?
2. Wa e memeza e tini uCakide exoshwa ngamazimu?
3. UCakide wa membozelani uyise ngomswani?
4. A m bona kanjani amazimu uyise kaCakide?

# ISIFUNDO 14

## UCAKIJANA NAMAZIMU—ISIQEPU SESIBILI

| | | |
|---|---|---|
| IHLAMBO. | GCWALA. | UTSHANI. |
| UTSHWALA. | LUSHU. | UMNYANGO. |
| DUDHLUZA. | IMINYABA. | PANDHLE. |

uCakijana wa hamba ngelinye ilanga wa ya kuwo amazimu, wa fike wa ti: "Awu! ni sizile okungubaba loku kwaku shinga: kwa-ke kwa shona pansi kwa si shiya sodwa. Ake senze ihlambo ngoba kwa ngi zala-nje. Amakosikazi a wa gaye utshwala kona si yo kwehlisa amaqata."

Bala a bu dudhluza utshwala amakosikazi amazimu. Kwati bu nga vutwa a bu twala a busa kwa Cakijana.

Kwati msukwana wehlambo, amakosikazi a sala ekaya kwa hamba amazimu odwa. A ti ukuba a fike, uCakijana wa wa ngenisa endhlini, a gcwala a ti swi, a ze a minyana.

Wa se ebeka enkulu imbiza yotshwala, a puza a ze a dakwa a ti lushu.



UCAKIJANA UPA AMAZIMU UTSHWALA.

Wa nele wa bona uCakijana ukuti amazimu a se dakiwe, wa se eti: "Madoda, mina ngi zo qoqa izinkuni ngoba li ya twala izulu ngapa kwelasenhla." A ti amazimu: "U qinisile Cakide-bogcololo-mpepeti-wezinduku-zabafo."

uCakijana wa tata iminyaba yotshani wa yi hlelisa yonke indawo ngapandhle kwendhlu kwaze kwasemnyango. Kwati ngei ukufudumala! A juluka amazimu a ti pici! A ti: "Sa fa ukufudumala we Cakide?" Wa ti yena: "Ngi ya sebenza mina lapa madoda, nina ni julukiswa utshwala lobu enibupuzayo."

Wa se e wu tungele umlilo uCakijana! Wa duma umlilo! A ti amazimu: "Li duma ngapi-na, we Cakide? Wa pendula wa ti." Li duma ngapa kwelasenhla." Kwa kuza ukufudumala, wa ze wa qamuka umlilo. Mamo! amazimu: "Sa sha we

Cakide!" Wa ti yena: "Ngi buz'ubaba, ngi buz'ubaba, ngi buz'ubaba." A sha a ze a pela.

Unya lwabasha lu ya pindana.

### Imibuzo

1. UCakide wa wa memelani amazimu?

2. Indhlu okwakuhlezi kuyo amazimu ya fudunyezwa yini?

3. UCakide wa wa ziba ngokutini amazimu lapa eti a sebulewe ngukufudumala?

# ISIFUNDO 15

## ITSHE LI KANTUNJAMBILI—ISIQEPU SOKUQALA

| | | |
|---|---|---|
| TSHWIYO. | QAMBA. | EMHLANGENI. |
| UMPINYANA. | CUSHWA. | KONGOZELA. |

KWASUKELA: inkosikazi ya ya kulima. Ya lima, ya lima, kwa fika inyoni ya ti: "Tshwiyo! tshwiyo! umhlabati kadade lona olinywa ngamavila ongalinywa izikutali!" Amagajana mbe, mbe, mpinyana poqo-poqo. Amagabade a buyela ezindaweni zawo, nompini wegeja we puka.

Ya buya inkosikazi ya ya ekaya, ya fike ya bikela umyeni wayo imihlolo eyiveleleyo. Ya yi tetisa indoda yayo ya ti: "U qamba amanga: wenziwa ubuvila."

Kwasa ngakusasa, umame wa pindela ensimini, kwa pinda sona leso: ya fika inyoni ya teta, amagabade a buyela ezindaweni zawo, we puka nompini wegeja.

Wa buya wa bikela indoda yake ya pendula ya ti i zoke i yo bona lowomhlolo.

Ya pindela inkosikazi ngelesitatu ilanga i si hamba naye umyeni wayo.

Ya fika engaeushwayo ya ti: "Tshwiyo! tshwiyo! umhlabati kadade lona olinywa ngamavila, ongalinywa izikutali!" Amagajana mbe! mbe! mpinyana poqo-poqo. Ya suka indoda ngejubane i si xosha inyoni! Ya baleka, ya baleka, inyoni yaze ya fika emzini wazo zonke izinyoni emhlangeni.

I te i si fika indoda ya i nga sa yi boni lena eyixoshayo, ya dame i si bamba i yeka nje. I ba bambe nyoni i ti: "Wa bamba mina, wa yeka yena?" Ya zi bamba zi loku zi pendula ngalo lelo yaze ya bamba yona. Ya tula nje-ke leyo'nyoni.

Ya ti indoda: "Nyoni yamasi, nyoni yamasi, yenza ngi-bone." Ya ti hxa! amasi inyoni; ya kongozela indoda yadhla. Ya buya nayo leyonyoni ya ya nayo ekaya.

IMIBUZO

1. Mihlolo mini eyavevela inkosikazi i lima?
2. Ya tini indoda lapa inkosikazi yayo i yi xoxela?
3. Indoda ya bona ngani ukuti i si bambe inyoni okuyona i bi kade i yi xosha?



D

# ISIFUNDO 16

## ITSHE LI KANTUNJAMBILI—ISIQEPU SESIBILI

| | | |
|---|---|---|
| UMPANDA. | UMNUMZANE. | FUNDA. |
| INTOMBAZANA. | UMNAWAMI. | UMTANYANA. |

YA fika ekaya indoda ya ti kumkayo aka geze umpanda omkulu a wu beke emsamo.

Ya lungiswa kahle imbiza ya bekwa emsamo, ya fakwa pakati inyoni; kwa zitshekelwa, kwase ku tshelwa izingane ukuti zi nga lokoti zi yi zibukule leyo' mbiza enkulu.

Lendoda nomkayo babe nezingane ezimbili: umfana nentombazana. Umfana kunguDemane, intombazana kunguDemazana.

Njalo-ke ekuseni nantambama umame a jingane e vula embizeni a finyanise se kugewele amasi. A wa vube-ke, kudhle yena, nowakwake: Izingane zi nga wezwa nangepunga lamasi.

Kute ngelinye ilanga umnumzane nenkosikazi be

yo hlakula, wa ti uDemazana: " Ake si bone ukuti kukonani kulembiza okwatiwa si nga yi zibukuli." Wa zibukula nebala uDemazana wa fica kugcwele amasi ete swi! Wa ti: " Hawu! kugcwele izaqeqe!"

Wa yi kipa inyoni wa yi beka pansi wa sina wa zi betela emasini abazali bake!

Ye suka inyoni ya hlala eziko. Wa ti uDemane: " Demazana, Demazana, nansi inyoni kababa i muka." " Kahle mnawami, ngi sa funda samtanyana." Se kusho uDemazana.

Ye suka inyoni ya hlala emnyango. uDemane wa buye wa pinda wa ti: " Demazana, Demazana nansi inyoni kababa i muka." uDemazana wa pendula ngalo lelo wa ti: " Kahle mnawami, ngi sa funda samtanyana."

Ye suka inyoni ya hlala egumeni. Umfana wa buye wa m tshela udadewabo ukuti inyoni kayise i ye muka, nodadewabo wa buye wa m tshela kona ukuti u sa funda samtanyana.

I te noma i si sukile ya hlala egumeni pezulu, kwa yiko loko. Ya zi ndizela-ke inyoni ya ya kwezinye.

### Imibuzo

1. Indoda ya ti kayenziwe njani lenyoni cyafika nayo?

2. Ba beyenga-pi abadala msukwana izingane zi sala si dhlala ngenyoni?

3. Ya baleka kanjani inyoni?

## ISIFUNDO 17

### ITSHE LI KANTUNJAMBILI—ISIQEPU SESITATU

| | | |
|---|---|---|
| UMVEMVE. | EMLONYENI. | INKUNGU. |
| EMBIZENI. | DHLUMBU. | INHLIZIYO. |

KWASA ngokunye kaloku kuDemazana wa qala ukutatazela nokutalatalaza efuna inyoni a za ku yi faka empandeni lapa.

Kute ku sa ti tabutabu, ku gijima, kwa hlangana nomvemve; a kwa buza: kwa dumela wona kwa wu faka kona empandeni.


Ba buya abadala ekuhlakuleni. Unina wa ti ukuba a vule embizeni: "Hawu!" a shay'izandhla umfazi: "Ubabamkulu yini-na lo'sembizeni?"

Wa qweba indoda. Ya ti ukulunguza ya bona seku gcwele isitapukela esimnyama somvemve.

Ba tula emlonyeni ba wokela omkulu umlilo, ba lola izinsungulo ba zi faka kuwo, za sha za bomvu.

Uyise wa biza umfana wa ti: "Mtanami woza

lapa ngi ku cobe." Nonina wa biza intombazana eshonjalo.



"MTANAMI WOZA NGI KU COBE."

Ba zi coba, ba zi coba izingane za ze za lala. Zite sezi lele, kwa yilowo wa tata olwake usungulo, wa lu faka kwenye indhlebe lwa punela kwenye.

Za vuka izingane za gijima za ze za zi ti dhlumbu esizibeni! Za pola izinsungulo lezo za zi moncula, za zi lahla lapaya za hamba.

Za hamba, za hamba, za hamba, izingane za ze za fika etsheni li kaNtunjambill, za ti: "Litshe-li-kaNtunjambili, litshe-li-kaNtunjambili, si vulele si ngene." La vuleka itshe, za ngena la se li valeka.

Ekuseni ngakusasa umfana wa hamba wa yo funa ukudhla, kukona inkungu. Wa bona eseteleka pezu kwezinkomo zi hxabile okalweni, wa keta enye inkabi

wa yi gquba wa buya nayo, wa fike wa yi hlaba, wa yi hlinza wa ngena nayo etsheni, bosa badhla.

Ngakusasa, wa puma futi uDemane wa yo funa ukudhla. Wa shiya e yi tshelile intombazana ukuti i ngaze ya wosa amanoni.

Ya lobiza inhliziyo kaDemazana, i lobizela amanoni. Wa qiniqinisela, kodwa ba la ubukali wa ze wa losa elinye inonyana.

### Imibuzo

1. Unina wezingane wa tini nxa esezibukula imbiza engayifici inyoni eyonayona ?
2. Za jeziswa kanjani izingane ?
3. Itshe li kaNtunjambili la zi siza kanjani izingane ?

## ISIFUNDO 18

### ITSHE LI KANTUNJAMBILI—ISIQEPU SESINE

| | | |
|---|---|---|
| DOKOZA. | EMPINJENI. | MTAKABABA. |
| NTUNJAMBILI. | GEMBELEKEQE. | INONYANA. |

Izimu la ti le dhlula eccleni kwetshe le zwa usi lwenoni, la ya kulo itshe la dokoza la ti: "Litshe-li-kaNtunjambili, Litshe-li-kaNtunjambili, ngi vulele ngi ngene." La tula-nje itshe.

La pindela emuva izimu, la shisa usungulo la lu faka empinjeni. La ncipa izwi la pindela-ke etsheni, la sho ngelincane-ke manje: "Litshe-li-kaNtunjambili, Litshe-li-kaNtunjambili, ngi vulele ngi ngene." Gembelekeqe itshe ukuvuleka!

La ngena la keta eliyitandayo la gewala indhlela.

Umfana wa finyanisa sekusele amaqashana a ngemangaki-nje. Wa buza ukuti inyama yenzenjani, wa m tshela udadewabo wa ti: "Mtakababa, nge hlulwe ubukali ngaze nga losa inonyana." Po, yena uDemane wa e saya kuteta a size-ni?

Za hlala njalo izingane lezi za kula, ya gana intom-

bazana, noDemane wa ti ukuba a tole ilobolo layo wa lobola naye wa ganwa waka umuzi.

Lalelani abazali benu.

IMIBUZO

1. Yini e ya donsa izimu ya lisa etsheni li kaNtunjambili ?

2. Izimu laze la ngena ngaqinga lini ?

3. Wa tini uDemazana lapa umfowabo ebuza ukuti inyama i shonepi ?

# ISIFUNDO 19

## INDODA NAMAZIMU—ISIQEPU SOKUQALA

| | | |
|---|---|---|
| AMANKANKANE. | ECOLISEKILEYO. | NCENGA. |
| GAYELWA. | QOFOZA. | ETALA. |


KWA-KE kwakona indoda eyayi fuye amankankane a ye gayelwa impupu ecolisekileyo impela a dhle yona.

Ngelinye ilanga ya hamba indoda ya yo puza utshwala. Umkayo wa sale wa gqakaza, wa gqakaza, wa wa nika amankankane. La fika elokuqala la ti qofo, la suka la hlala lapaya la ti : " Ha, a si hambeni," Nelesibili lenze njalo a ze a pela onke esho njalo.

A ti ukuba a qofoze onke a hlaba ihele elide a ngena indhlela. Wa wa landela umfazi e hamba e wa ncenga e ti a wa buye u seza ku wapa ukudhla okuhle, e wa tshela konke nokuti : " Yimi umfazi kayihlo, buyani pela se ngi ya ku nipa ukudhla okuhle." A ti amankankane : " Si yazi ukuti u ngumfazi kababa kodwa uke wa sipelani ukudhla okubi ? Ha ! a si hambeni."

A hamba, a hamba nomfazi e loku e wa ncenga a ze a suka a ndiza.

Kwa ukudela kwake naye lapo. Wa landa izingane zake ezimbili wa hamba nazo. Wa hamba, wa hamba, wa ze wa fika, endhlini yezimu li ngeko. Wa ngena, wa kwela pezulu etala wa hlala kona nabantabake.



INKOSIKAZI NABANTABAYO BE LANDELA AMANKANKANE.

### Imibuzo

1. Umfazi wa wa easula ngani amankankane ?
2. Wa wa ncenga wa tini ?
3. Wenze-njani lapa e sebona ukuti amankankane a pikelele ukuhamba ?

## ISIFUNDO 20

### INDODA NAMAZIMU—ISIQEPU SESIBILI

| | | |
|---|---|---|
| UMNIKAZI. | ISIKASHANA. | TOLELA. |
| TALATALAZA. | IZIMBOBO. | AMALONGWE. |

Wa fika umnikazi wendhlu namanye amazimu, a hlala-nje. Ya cama enye ingane pezulu etala; a se eti amazimu. "Hawu kwanuku samcanyana wengane lapa?" A talatalaza, a bheka pezulu, a ba bona a se e ti a behle; bala be hla ba hlala emsamo. A ti amazimu: "Ake u lete umtanako lowo si m bone." Wala unina. "Mntwana ka sa bonwa ha! ha! ha!" Se kusho amazimu. Wa wa nika.

La m dumela elinye la m hlepula la nika amanye. Onke a yi dhla ingane eti: "Depu inkatekandiwe; Depu inkatekandiwe" (Hlepu mina tata u dhle; Hlepu mina tata u dhle). A mudhla a ze a m qeda umntwana, kwa sala ikanda lodwa a li tata a li beka emseleni.

A cela omunye, nakuye kwayiko loko. A se eti-ke manje: "Ake u ze pela nawe si ku bone." Wa ti umfazi: "Ha! ingani se ni dhle nabantwabami, se ni

funa ukudhla mina futi ?" A m hleka usulu amazimu a ti: "Mfazi ka sa bonwa, ha! ha! ha! Wa se esondela-ke naye, a se emudhla naye a m qeda a shiya ikanda.

Kwati emuva kwesikashana ya fika indoda engumyeni wa lomfazi osedhliwe. Ya wa bona amakanda lana ukuti awabo lababantu ebafunayo. Ya hlalahlala namazimu ya se i finya. A ti amazimu: "U finya nganina wena?" Ya ti: "Ngi finya ngekala." A ti: "Ake u senze nati" (Pela amakala amazimu a engenazo izimbobo engakwazi ukufinyà).

Ya ti-ke indoda: "Hambani ni yo tolela amalongwe a be maningi ni wase lapaya pezu kwesiziba."

Imibuzo

1. Umfazi nabantabake ba qonda-pi sebesuka ekaya?
2. Kwenzekani kuleyondawo?
3. Indoda yasholoni emazimini ukuti a wa yo tolela amalongwe?

# ISIFUNDO 21

## INDODA NAMAZIMU—ISIQEPU SESITATU

| | | |
|---|---|---|
| INQWABA. | FULATELA. | CWILISA. |
| IZINSUNGULO. | SUNDUZELA. | JUKUJELA. |

A JABULA a dela amazimu. A wa tolela amalongwe a yi nqwaba.

Indodale ya lola izinsungulo eziningi za eija. Kwati ngelanga lokwenziwa kwezimbobo zamakala, amazimu a butana pezu kwesiziba.

Ya basa umlilo omkulu indoda, ya zi shisa za bomvu izinsungulo. Ya wa biza ngamanye, i si wa bhoboza amakala. Eza e jabule kakulu ngoba ese za kufinya njengendoda, kanti yona i yasho ngenhliziyo ukuti: " Ku dala kona namhlanje ngi za kukulaya."

Nxa izimu li fika i ti ali qoshame li fulatele isiziba, li bheke nga kuyo. I bese i tata usungulo i lu fake ekaleni lu shisa, " hli," nxa lu ngena ekaleni, indoda bese i li sundezela esizibeni izimu i ti: " Ngena lapa u pole."

Ya wenzenjalo onke kwaze kwasala lalinye. La

se le nqaba ukusondela la ti : " Ingani nampa abanye be nga sa pumi ? U ya ngi kohlisa u funa ukungicwilisa nami."

Ya tata izagile zayo indoda ya li xosha, ya li jukujela ngamatshe nangezagila ya ze ya li bulala.

Ni nga lobikeli izinto eningenakuzitola.

IMIBUZO

1. A ku bonakalisa kanjani amazimu ukujabula kwawo ?
2. Indoda ya wu baselani umlilo pezu kwesiziba ?
3. A jeza kanjani amazimu ngenxa yokufisa into ayengenayo ?

# ISIFUNDO 22

## AMADHLADHLA

| | | |
|---|---|---|
| AMANXIWA. | NQUNYWA. | UBUMNANDI. |
| UKUHAUKELA. | IGWABABA. | IZILOMO. |
| INZALO. | IBANDHLA. | KONZA. |

uDHLADHLA kwaku indoda e ya yake oPindo. Wa zala amadodana amabili: uMpembe noMbata.

Kwati ukuba kufe uyise, uMbata wa tuta wa ya kwaka eNhlazatshe. Lapo-ke wa fika wanda waba isizwe samaMbata. Wa beka inkosana yake e ya sale ya ba inkosi. AmaMbata a hlala e nenkosi yawo kwaze kwafika isikati a tela ngaso kuTshaka.

uMpembe yena wa sala kona emanxiweni kayise. Inzalo yake yanda yaba isizwe sakwaDhladhla.

AbakwaDhladhla ba bakelene naMacunu (a yake eTaleni) nabaTembu (a ba be suke kwaHlazakazi ba ye ba fika eQudeni).

Zonke izizwe za zi namakosi; kodwa esakwa-Dhladhla sa si ngenayo. Sa qala naso ukuhauka, sa fisa ukuba nenkosi.

Lwa nqunywa-ke usuku lokuketa inkosi. Sa kupukela eMagogo sonke isizwe. Kute nxa se kutiwa kuya ketwa kwa kohlakala ongaketwayo ngoba abantu be lingana bonke.

Kwati ku sa catshangwa isu, la kala igwababa pezu kwabo la ti: " U-wa, u-wa, u-wa." Kwase kutiwa: " Hawu! seku kale igwababa, a ku citekwe!" La hlakazeka nebalä ibandhla inkosi i nga ketiwe.

AmaDhladhla a edhla inyama epekiweyo neyokosa. AMacunu a eyidhla luhlaza.

Ngelinye ilanga uMacingwane—inkosi yaMacunu—wa biza enye indoda yakwaDhladhla wa ti ake i ze kumpekela inyama.

Wa nele wa yizwa-nje inyama epekiweyo, neyosiweyo wa ti: " Kanti ni ngabafokazana-nje ni dhla inyama enmandi kangaka!" Ba se be ba izilomo-ke njalo abakwaDhladhla enkosini yaMacunu.

Kusukela kulelolanga, amaDhladhla a konza aMacunu, a ze a tela kanye nawo kuTshaka.

Izenzo ezincane ezedelelekile yizona zi si kupulayo, zi se hlisayo.

### Imibuzo

1. Kwaku ngobani amadodana kaDhladhla?

2. La hlakazekelani ibandhla lakwaDhladhla msukwana kuyoketwa inkosi?

3. AmaCunu afunda kanjani ukudhla inyama evutiweyo?


# ISIFUNDO 23

## INDODA NOMKAYO—ISIQEPU SOKUQALA

HLANGANA. HAMBA. IZINWELE.

IZINTOMBI. AMACOZUCOZU. ESANGWENI.

KWAKE kwati indoda cya i fuye izinkomo eziningi i hamba ya hlangana nezintombi zi yo teza.



UKAMFINOSE U GAYA UMCABA.

Ya ti enye intombi: "Ake ngi ku gane." Ya vuma indoda ya jabula ya dela. Bala ba ganana. Kwati ngelinye ilanga, indoda ya ti kumkayo: "KaMfinose, ngi gayele amasi, ngi sa yo puza utshwala lapa kwaMuntukadabuki." Ya sho lapo i komba umuzi pesheya komfula.

Bala umfazi wa wa gaya amasi, i si hambile, wa wa beka emsamo.

Wa se egunda izinwele zake ezibeka amacozucozu: ezinye wa zi beka ezaleni, ezinye wa zi beka esangweni lesibaya sezinkomo, ezinye wa zi beka emfuleni. Wa hamba wa ye wa kwela emtini.

IMIBUZO

1. Indoda ya ti umkayo kayenzeleni ?
2. Ya i ya nga-pi yona ?
3. Wenzani umfazi emuva kokugaya amasi ?

# ISIFUNDO 24

## INDODA NOMKAYO—ISIQEPU SESIBILI

| | | |
|---|---|---|
| ETSHWALENI. | JEQE. | XOSHA. |
| EMFULENI. | NXAPA. | XABANA. |
| ISIHLAHLA. | QANGANISA. | BHODHLA. |

Ya fika indoda i si vela etshwaleni, ya qale ya dhla amasi ayo ya suta ntwi! Ya se i memeza umfazi wayo i ti: " WekaMfinose!" Za sabela izinwele ezisesangweni za ti: " We!"

Ya se i hamba i ya esangweni i ti i ya kumkayo, kodwa a yaze ya m bona. Ya pinda ya memeza ya ti " WekaMfinose!" Kwa sabela izinwele ezisezaleni za ti: " We!"

Ya ya kona a yaze ya m tola futi. Ya pinde ya memeza futi okwesitatu. Manje-ke kwa sabela ezisemfuleni za ti: " We!" Ya ti indoda: " U balekelani, na?" Ya tatela ngejubane i si bange emfuleni, kodwa nakona a yaze ya m fica.

Ya se i buya i ya ekaya, ya fike ya tata imbazo i qonde ukuyogawula isihlahla. I te ukuba i fike kuso ya hlala pansi kwaso ya pumula.

I te i zwa kwase ku hlala itshe-nje ekanda. Ya ti jeqe, ya m bona umfazi wayo e hlezi pezulu ya ti: "Ha! kanti u lapa kaMfinose?"

Ya se i si gawula isihlahla i cabanga ukuti si zo kuwa nomfazi wayo. Kodwa kute lapa se si zo kuwa kwa qamuka inyonyana encane engangongcede ya ti: "Tshwi, tshwi, tshwi, isihlahla si kababa lesi u si nikwa ngubani?" Sa se si qina isihlahla. Ya pinde ya gawula futi indoda, ya qamuka inyoni, ya kala sa qina futi isihlahla. Ya pinda ya gawula okwesitatu i si nxapa manje i si tukutele i ti: "Kunani lenyonyana, ngi zo ku bulala mina a ku ngazi kwazi yena uyise lowo." Ya buye ya fika engacushwayo, manje-ke sa qina isihlahla nembazo a yabe i sa ngena.

Ye tuka ya qanganisa indoda ya sukela inyoni ya yi xosha kwa ze kwa pela isonto i nga yi bambile. Ya pindela ekaya. Ya fika umkayo e se yi gayele utshwala, kwati ingani ya i m tukutelele, ya bhodhla lapa ese yi bekele ukamba.

A kukonto engenalusizo.

IMIBUZO

1. Ya yaluziswa yini indoda ekubuyeni kwayo na?
2. Ya ze ya m tola kanjani umkayo?
3. Umfazi we lekelelwa yini lapa indoda i si gawula isihlahla?

# ISIFUNDO 25

## INTOMBI NAMAJUBA—ISIQEPU SOKUQALA

| | | |
|---|---|---|
| PANSI. | DHLALA. | UBUHLE. |
| AMAJUBA. | PANDHLE. | PINDELANI. |

KWAKE kwa kona inkosi eya yake pansi kwentaba enamatshe amahle kakulu. Ya i fuye amajuba amabili.

Kwati ngelinye ilanga ya wa tuma ya ti : " Hambani ni yo ngi funela intombi enhle ni yi twale nize ni fike nayo lapa."

A hamba-ke amajuba a ze a fika emzini, a bona intombi enhle. Lentombi ya yi hlezi yodwa endhlini ngoba uyise nonina ba be yo hlakula.

Amajuba a ti kuyo : " Ake u sukume." Ya la ya ti : " A ngi sukumi mina." A dhlala, a dhlala odwa la se li ti elinye : " Vukutu, vukutu ! " La li pendula elinye la ti : " U ti : 'Vukutu, vukutu-ni' loku lomuntu a ka sukumi njena ? "

A se esuka endiza epindela enkosini a fike a ti : " Nkosi si yi tolile intombi enhle, kodwa a yi vumi

ukusuma." Inkosi yawo ya wa tuma futi. A-ti ukuba a fike kuyo leyontombi a ti: "Ake u sukume." Ya sukuma. A se e pinda e ti: "Ake u pumele pandhle." Ya la yona ya ti: "Qa mina a ngi pumeli pandhle."

A pindela futi a fika a bikela inkosi ukuti intombi a yi vumi ukupumela pandhle. Ya ti inkosi: "Pindelani futi, ni yoze ni fike nayo lapa."

IMIBUZO

1. Inkosi ya wa tuma-pi amajuba?

2. Ekubuyeni kwawo okokuqala amajuba a fike a yi bikelani inkosi?

3. A fika a bika ukutini ngokwesibili?

# ISIFUNDO 26

## INTOMBI NAMAJUBA—ISIQEPU SESIBILI

| | | |
|---|---|---|
| IZINGALO. | UMTANAMI. | UMREBHE. |
| NDIZA. | UBULONGWE. | JWAYELA. |

A HAMBA futi amajuba a pindela kuyo intombi a fike a ti: "Ake u sukume." Ya sukuma. A ti: "Ake u pumele pandhle." Ya puma.

Kwabe a yi pumile! A yi ti qa! ngezingalo a ndiza nayo a yisa enkosini yawo.

Kwati e sandiza nayo edhlula kubazali bayo be hlakula. Ya se i hlabelela intombi i ti: "Baba, nge-muka, nge-muka-namajuba, nge-muka."

Ya se i ti indoda: "Rawu! sengati yizwi lomtanami-nje lelo?" Umfazi wa ti: "Suka musa ukuhlolela umtanami ukuba a tatwe'zinyoni wena."

A ndiza njalo amajuba nayo intombi a ze a fika ekaya. A yi ngenisa elawini, a se e tata ubulongwe e se sinda. Intombi ya wa bhekisisa ya bona ukuti a ti lapa esinda a dhle ubulongwe. Ya se i buza i ti: "Kanti nina ni dhla loku yini?". A vuma. Ya ti:

" Kanti loku enikulimileyo ni kwenze-njani ? A ti-ke wona : " Loku esikulimileyo si ku nika izinkomo tina bese si dhla ubulongwe."

Ya pendula ya ti-ke : " Yebo-ke ake ni ngipe umrebhe ngi yo zifulela." A yi nika.

A bona amajuba lana ukuti intombi lena yona i dhla umbila, nawo a funda ukudhla wona umbila aze e jwayela.

Abantu-ke ba ti : " Yikoloku amajuba edhla umbila-nje ! "

Kutazelani yikona ni yo pumelela.

### Imibuzo


1. Amajuba a ye nzenjani intombi lapa i si pumele pandhle ?
2. A yi ngenisa kuyipi indhlu ?
3. Ya tini intombi lapa i bona amajuba edhla ubulongwe ?

# ISFUNDO 27

## INTWALA NOMUNTU

| | | |
|---|---|---|
| INDHLALA. | INTWALA. | GCWALA. |
| GAYELA. | INQWABA. | INHLAMA. |

Kwasukela : umuntu e vela kuzingela e se bulewe yindhlala na ukoma e se hamba efuna imizi okusindwa kuyo ; wa fika endhlini lapa kwaku gaya kona intwala.



INDODA I PUMA KUZINGELA.

Wa kuleka, wa ngena. Ute ese pakati wa kangwa ymqwaba-nje yenhlama pezu kwetshe, kepa e nga boni' muntu ogayayo. Wa ti: " Loku okugaya inhlama engaka kuyini? " Ya m pendula intwala ya ti: " Kodwa mina u ya nge delela yini? " " Lapo u yini-ke wena? " sekusho umuntu, " u ti inhlama engaka lena i nga gaywa yiloku e ngi nga ku bulala ngozipo-nje? " Ya ti intwala: " Ake u lokote u ngi bulale." Yasho entshweni! Wa kuti qifi okuy-intwala ngozipo etsheni.

La kukumala ngokupazima kweso igazi lentwala, la gewala indhlu, umuntu wa minza pakati!

Waba njalo-ke umvuso wokwedelela intwala ngoba incane i ngenamandhla.

Imibuzo

1. Ya yi pumapi indoda eya fika emzini lapa kwaku-gaya kona intwala?

2. Kwaba yini umvuzo wokwedelela intwala na?

# ISIFUNDO 28

## IZINTWALA EZIMBILI

| | | |
|---|---|---|
| HLABA. | IMIBENGO. | ISIKASHANA. |
| HLINZA. | NYAMALALA. | PONSA. |

KWAKE kwati ngelinye ilanga izintwala ezimbili za tola inkabi ewaba. Za yi quba, za yi quba zaze za fika endhlini yezimu, kodwa lona li ngeko.

Za yi hlaba, za yi hlinza, za yi faka endhlini. Za teza, za tolela, za basa owekanka umlilo, lo. Wa ti nxa u su kihlika, za benga inyama za yosa.

Kute lapa imibengo i sa pambene emalahleni; la fika izimu, le ma pandhle la ti: "Ubani-na-lo ohlez' endhlini kazimukazimu, lomgumbe-lomduna,—lodhla-umuntu?" Za ti izintwala: "Yiti, si ngomcobocobo sobabili."

La hamba izimu la yo biza amanye. La nyamalala isikashana, la buye la fika la tata njengakuqala, nezintwala za pendula ngempendulo yazo yakuqala.

La hamba futi izimu la yo biza amanye.



" UBANI-NA-LO OHLEZ 'ENDHLINI KAZIMUZIMU LOMGUMBE LOMDUNA ? "

Li te li sa hambile, kwa fika isilwane sa ngena endhlini sa ponsa izintwala zombili emlilweni, kodwa enye ya qumela esweni. La jokola la hamba le li yi cide.

La fika izimu okwesitatu se li hamba namanye la ti : " Ubani-na-lo ohlezi endhlini kazimukazimu,—lomgumbe-lomduna-lodhl'umuntu ? " Kwati nya. La sho futi akwaze kwabako mpendulo, la pinda okwesitatu, akwabako mpendulo.

La ngena namanye a dhla inyama leyo a citeka a ya emakaya emuva kwaloko.

Ukuganga kunomvuzo wako.

Imibuzo

1. Ya i mbula muni inkabi eyahlatshwa yizintwala ?
2. La fika kunjani izimu ?
3. Umvuzo wokuganga kwezimu wa bayini ?

# ISIFUNDO 29

## INGQUMAMAHELE—ISIQEPU SOKUQALA

| | | |
|---|---|---|
| EBANDHLENI. | LANDULA. | IZINKWA. |
| INGQUMAMAHELE. | IBHESHU. | IZINJOBO. |
| TUNYWA. | PONSELA. | IZINSIPO. |

KWAKE kwati ngelinye ilanga inkosi ya biza bonke abantu bayo ya buza emadodeni ya ti: "Ubani owazi ubaba na?" A ti: "A si mazi, nkosi." Ya buza inkosi ebandhleni lomame yashonjalo nalo la ti a li mazi. Kwa buzwa nasezinsizweni, nasezintombini, za landula.

Ya ya ezinganeni manje inkosi ya buza ya ti: "Ubani owazi ubaba na?" Za ti ezinye zi ti a zi mazi, ya vela enye ya ti: "Ngi ya mazi: ibheshu lake nesihlangu kwakungokwengqumamahele." Ya se i ti-ke inkosi: "Hamba-ke u ngi landele yona."

Ya se i gayelwa umpako ingane, ya vuka ya hamba ngakusasa, i pete izinkwa eziningi. Ya hamba, ya hamba, ya fika esizibeni ya ti: "Ngqumamahele, Ngqumamahele pum'ungidhle. Ngi tunywe inkosi

yakiti, ya ti ibheshu layo ngelengqumamahele, nesihlangu sayo ngesengqumamahele, nezinjobo zayo ngezengqumamahele."

I pume ingqumamahele i yi sinekele amazinyo i ti: "Bheka a ngi namazinyo okukudhla" i pindele esizibeni.

Ye dhlula ingane, ya fika ezizibeni ezibili, izingqumamahele zi yi landulela amazinyo.

Kute kwesesitatu ingqumamahele ya ti: "Ngi sa yo ncama, gijima u ti nqi!"

Nebala ya sukeleka ingane ngelikulu ijubane. I te i bona ingqumamahele ya se i kona lapa eduze. Ya yi ponsela isinkwa, ya ti galu ye puka. Ya loku i yi ponsela izinkwa njalo za ze za pela.

Ingane ya pambukela emzini ya cela izinsipo. Ya se i gijima, ya ti nxa i si se duzane ingqumamahele ya yi telela izinsipo. Ya se i gijima njalo i ze i fika ekaya, i yo ngena esibayeni, i hambe i memeza i ti: "Pumani nemikonto." Kwati ku yeqa okuyingane esibayeni ya ti a yi ku tate ngopondo.

Ba fika abantu ba yi gwaza ba yi hlinza. Isikumba sayo sa tatwa yinkosi, ya qopa ngaso ibheshu layo, nezinjobo zayo, nesihlangu sayo. Inyama ya dhliwa yibandhla.

### Imibuzo

1. Inkosi ya buza ya tini kubantu bayo na?

2. Ngubani owatunywa ukuba a yo landa ingqumamahele na?

3. Isikumba sengqumamahele nenyama yayo kwenziwa-njani na?

# ISIFUNDO 30

## INGQUMAMAHELE—ISIQEPU SESIBILI

| | | |
|---|---|---|
| IZITUNYWA. | IGATSHA. | QOSHA. |
| TSHELA. | NGCWATSHWA. | HLAKAZEKA. |

KUTE kusa kwase ku mile isihlahla esikulu lapa ku citwe kona umswani wengqumamahele. Abantu ba tumela enkosini ba yo buza ukuti igama lomuti yini. Zonke izitunywa zi ti zi buya bese zi kohliwe.

Kwaze kwa tunywa uNdhlevu okuyena wa fika wa ba tshela ukuti igama lomuti "uMdhliwadhliwane-odhliwa-u shiywe-igatsha-lenkosi-pezulu." Ibandhla li wadhle bala umuti li shiye igatsha lenkosi pezulu.

Nxa se ku lalwa kwa bekwa izwilokuti oyakudhla igatsha lenkosi ebusuku wobonakala ngento eluhlaza ekaleni.

Wa vuka uQutu ebusuku wa dhla igatsha lenkosi qede wa ninda uNdhlevu ngokuluhlaza ekaleni wa lala.

Kute kusa igatsha lenkosi la li ngaseko. Kwa yaluzwa ku funwa onekala eliluhlaza, kwa finyaniswa

uNdhlevu. Wa bikwa enkosini inkosi ya ti a ka bulawe, nebala wa siwa kwankata.

Esengcwatshiwe uNdhlevu, uQutu wa puma e se vunule wa ti shi wa kwela entabeni wa qosha e ti: " Ba bulel'uNdhlevu, ba t'igatsha li dhliwe nguNdhlevu, kanti li dhliwe nguQutu." Ba ti abantu: " U tini-na weQutu ? " Wa ti: " Qa, ngi ti isibindi si ya ngi vuzela." Wa pinda futi uQutu wa ti: " Ba bulel' uNdhlevu, ba t'igatsha li dhliwe nguNdhlevu, kanti li dhliwe nguQutu." " U tini, Qutu-na ? " Se ku buza abantu. " Qa, ngi ti isibindi si ya ngi vuzela " Se ku pendula uQutu.

Ba ze ba muzwa ukuti u tini ba se be m xosha, kodwa wa baleka wa ba shiya.

Ubudoda a bu kulelwa.

### Imibuzo

1. Kwasa kukonani lapa kwa ku citwe kona umswani wengqumamahele ?

2. Kwa tiwa u yo bonakala ngani umuntu odhle igatsha lenkosi na ?

3. Ba ze ba ba m bona kanjani umuntu okuyena wa yedhle igatsha lenkosi ?

## ISIFUNDO 31

### OKABUHLAKANI

| | | |
|---|---|---|
| UBUNCANE. | CABANGA. | AMABHECE. |
| INDHLALA. | NCINZA. | PANDHLE. |
| VAKASHA. | HLABELELA. | HLANGULA. |

KWAKUKONA umzana omncane waseMaqungebeni o wa u nge nangane. Umnumzane wa kona kwa kungu-Mncishwa. uMncishwa wa e nomfazi oyedwa, uka-Buhlakani. Ba be hlala bodwa-nje nenganyana encane uMsize.

Ngomunye umnyaka kwaba yindhlala enkulu kule-lozwe. Abantu ba se be sizakala ngemifino yasendhle.

Ngolunye osuku uMncishwa wa vakashelwa abangani bake. Ba hlala naye endhlini yake isikati eside. UkaBuhlakani wa peka amabhecana a nge mangaki a ze a vutwa be hlezi be xoxa.

Akatandanga ukumsela umyeni wake lolo lubadhlana pakati kwabantu; ngoba wa ti funa ba m pangele. Wazi futi ukuti nxa e m biza li za ku sola ibandhla a hlezi nalo.

Wa cabanga, wa cabanga, wa e se tata umtanake, uMsize wa m beleta, wa puma naye. Kwati esepandhle wa yi neinza ingane, ya kala. Wa e se yi lolozela-ke wa zulazula nayo pambi kwezindhlu ehlabelela e ti : " O-ya-o-ya, o-ya ; nank'amangebezana ; enhla kwembiz' enkulu ; u dhl 'abematatu ; u shiye 'mabili ; u shiyel' umtwana ; oya, oya o-ya."



" OYA, OYA, O-YA, NANK' AMANGEBEZANA ! "

Yezwa indoda ukuti u biza yona ya puma ya ya exibeni. Nebala ya wa finyanisa amabhece ngomcakulo, yenza njengokusho komkayo.

Ya ti i dhla, umame wa e yiloku e hlabelela njalo pandhle. Ite nxa i si puma, wa e seti umfazi : " Oya, oya o-ya ; nank' amangebezana ; enhla kwembiz' enkulu ; u dhl 'abematatu ; u shiye 'mabili ; u shiyel 'umtwana ; oya oya o-ya ; nant' ubhec' esilevini."

Wa lu hlangula umnumzane ubhece lolo nempela

olwalukona esilevini. Wati engena kubangani bake wa esemuhle njengakuqala.

Kodwa noko kwati nalapa uMncishwa e sengenile endhlini, inkosikazi a yi qalanga ya yeka ukuhlabelela ; yaze ya yeka ngesinyenje isikati. Ya yenzelani-ke ?

Yenza konke okwenzayo ngesu.

### Imibuzo

1. Umuzi kaMncishwa nokaBuhlakani kwakutiwa kukupi ?
2. UkaBuhlakani a katandanga ngani ukumbiza pakati kwamanye amadoda umyeni wake ?
3. Wa em pekeleni umyeni wake ?

## ISIFUNDO 32

### UBUHLALUSE BENKOSI—ISIQEPU SOKUQALA

| | | |
|---|---|---|
| INKOSAZANA. | PAMBUKA. | GCINA. |
| INCEMA. | NGENA. | JABHA. |
| RWALALA. | UTUNGWANA. | DEDELELE. |

KWASUKELA: izintombi za hamba nenkosazana yenkosi, uBuhlaluse-benkosi, za yo kuka incema.

Za yika, za yika incema leyo, kute se zi buya za shonelwa yilanga. Kwati se ku rwalele za bona umlilo u ti lokoloko. Ya se i ti enye: " Bodade, a si hambe si yolala ku loyamuzi lapa kulokolokoza kona loya mlilo."

Za hamba-ke. Zite ukuba zi fike kona a za fica 'muntuendhlini, kodwa za se zi lala-nje. Kanti zi lala endhlini yezimu.

Kwa fika okuyizimu ebusuku zi lele. Kute ku se kude kwa ti: " Hawu! endhlini yami kwa nuka santungwana?" Kwa ti ku nga ngena, bala kwa fica izintombi, zi lele zi lucaca lapa pansi.

Ku jabule kufe! Bese ku kuluma kodwa ku ti: "Ngi yo dhla yo, nge suye ngayo; ngidhle 'yo nge suye ngayo; ngidhle yo, nge suye ngayo; ngi geine ngonyawana zi mhloshana sengati kade zi hamba esihlabatini."

Kwa ti ukuba ku qede loko kwa hamba kwa yo mema amanye. Kute ku sa hambile za vuka izintombi, ngoba ezinye za kuzwa ku kuluma kodwa. Za vuka za shay'utshani.

Kute ku fika namanye amazimu, za yi wanqa, ngoba pela izinyamazane se zi balekile. Namanye amazimu a ti dedelele a buyela emuva.

### Imibuzo

1. Izintombi e za zi hamba noBuhlaluse za ziya ngapi?
2. Za lala endhlini kabani?
3. La balisa la tini izimu ekufikeni kwalo endhlini yalo na?

# ISIFUNDO 33

## UBUHLALUSE-BENKOSI—ISIQEPU SESIBILI

KOHLWA. GXUMEKA. EMHLANTINI.
ISIFOCIYA. NYAKAZA. TINTA.

ZA hamba, za hamba izintombi lezi kute se zi kude, wa ti uBuhlaluse: " Ngi kohlwe isifociya si kamama! Mtakamama ngi pelekezele." Wa ti umtakanina: " We!" Wa ti uBuhlaluse: " Mtakadade, ngi pelekezele." Wa ti naye: " We!" zonke izintombi za sho njalo lapa ezinxusa ukuba zi m pelekezele. Wa se ehamba yedwa.

Kodwa wa ti e nga ka hambi wa gxumeka iwisa lake esidulini wa ti: " Ni ya bona-ke, nxa ngi gijima leliwisa li yo nyakaza, lapa ngi mi nalo li yo tula li ti du, kodwa lapa se ngi tatwe isilwane li yo kuwa.

Nebala-ke wa tatela ngejubane uBuhlaluse, newisa lake lanyakaza.

Kwa ti ukuba a fike endhlini yezimu, wa ma, la ma newisa.

Izimu leli wa li fica selinamanye e peke amaxoxo,

onke chlezi e kake iziko. Wa lunguza emnyango wa ti: "Ake ni ngi nikeze isifociya sami leso." A ti onke: "Ngen'uzitatele." Wa pinda futi wa ti: "Mazimu, Mazimu, a-ke ni ngi nikeze isifociya sami leso." "Ngen'uzitatele" Sekusho amazimu.

Ute eti u ya ngena la se li m dumele elinye. Elinye la dumela umhlanti se li ti a zomuti shwati kona emhlantini.

Kwati kuwo lowo' mnyamana uBuhlaluse wa kahlela imbiza le epeke amaxoxo, a citeka amaxoxo. Mamo! amazimu. "Maye ngokudhla kwetu!" a ti e sho njalo onke a se egijimela ukucosha amaxoxo lana, a m kohlwa noBuhlaluse.

Newisa lake lase li wile lapaya esidulini, se zi tinta isililo nezinye izintombi leziya. Za ti zi bona lase li ti gubhu ukuma iwisa: Kanti kute amazimu esalibele ukucosha amaxoxo, uBuhlaluse wa si ti lasi isifociya sake wa puma wa ti galu yepuka. Za ti zi m bona ezinye izintombi wa se e ti qamu kona lapa. Za jabula za dela. Za vumelana zonke ngokuti lendaba yokukohlakala kwesifociya si kaBuhlaluse a yi soze ya patwa ekaya.

Ukuhlupeka ku zala ukuhlakanipa.

### Imibuzo

1. Zala za tini ezinye izintombi lapa uBuhlaluse eti a zi m pelekezele?
2. Wa e yangapi?
3. Wa sinda kanjani uBuhlaluse emazimini?

# ISIFUNDO 34

## IZIMVULA ZIKA 1925

| | | |
|---|---|---|
| INGQINISELA. | EHLANZENI. | AMAHXILAZI. |
| INHLABATI. | EBANDHLA. | ABAFUNDILE. |
| INKONDHLWANE. | IQOGWANE. | AMABHULOHO. |

NGALONYAKA izulu lana ngokungadile! Ingqinisela ya loko kuna ya sukela ekuqaleni kukaMarch kwaze kwaba nguApril. Kwa ku pinde esika 1917.

Kwa dilika izintaba; kwa ginqika amatshe amakulu namawa a hlepuka. Izindonga eza qambekayo za ba ningi. Kwezinye izindawo inhlabati ya dimde ya shona pansi-nje.

Emasimini kwase kwesabeka! Kona kwelezinkondhlwane, abantu ba hlamba ba hlala. Nako kwaba 'ngozimakaza ngoba kwati ingani i fike ukudhla sekukulile, a yaze yeza ngezikukula ezimukisayo. Kwa pepa aba semahlanzeni.

Ukuba ku ya yekeka ukudhla ngabe kwa yekwa ngenxa yokusweleka kwo kokubasa. Umuntu wa e

se kalela omame bona kungumsebenzi wabo ukupeka ngi sho icishe li gunye kangakanani.

Namadoda belu a e nga pumule. Izibaya za se zi gcwele ubhuku lwodaka. Kwa ku ngangawo futi ukwelusa esikundhleni sezisasambana lezi o se ku yizona bafana namhlanje.

A yi banganye indhlu e ya petuza isipetu. Kwa hlonga iqogwane elingenamsokama. Ukwendhlala isihlandhla elawini kwa ku nga sa xwayekile.

Pezu kobumanzi bonke nokugcwala kwemifula amasonto namahxilazi a wa putanga kubafundisi namakolwa ansondo.

Isikolo sa se si yabe si fundile nxa si funde kahle izinsuku za ze zabantatu esontweni.

UKugcwala kwemifula kwa ku mangalisa! Abantu nezinqola, namahashi, kwa mukiswa izindongana-nje ezedelelekileyo. Le emikulu yona ya kucula amabhuloho, nezindhlu, ya dipuna nezihlahla ezinkulu.

Nxa kukona okwatokozayo ngalezozinsuku, ngi ti kwa ku ngaba yi lezi izilwane nezilwanyana ezihlala emanzini kupela.

Izigigabá za semadolobheni a zi tintiwe; kutiwe-nje qapuqapu kwe zasemapandhlemi zodwa.

Izwe a li sayupinda li bhujiswe ngamanzi.

### Imibuzo

1. Unyaka ka 1925 wa fana kanja ni noka 1917?
2. Yini into eya yi kataza kakulu omame na?
3. Zinto-zini ezonakalayo ngezimvula zi ka 1925?

# ISIFUNDO 35

## ISALUKAZI NOMLOBOKAZI—ISIQEPU SOKUQALA

| | | |
|---|---|---|
| GANWA. | UMYENI. | KUPEZA. |
| NCISHA. | VUNGUZA. | NTWI. |
| NYELELE. | BHENGUZA. | GXUMEKA. |

UKAMAKEWU kwaku yisalukazi e' sa si nendodana eyodwa zwi.

Ya kula kahle indodana yalesi salukazi ya ze ya ganwa.

Kwati ngesikati sokuhlakula i si ganiwe indodana, umakoti wayo wa m ncisha unina amasi wapa umyeni wake kupela.

Isalukazi lesi saze sa bona ukuti umakoti u ya buya a fike a gaye umcaba a tulule igula a lungisele indoda yake ukudhla. Nayo-ke i buye i fike i dhle.

Kwati ngelinye ilanga ukaMakewu wa hlakula, wa hlakula ekudanyana nabantwabake, kute emini wa gxumeka pansi igeja lake wa lengisa ingubo yake kulo.

Umoya u ti u nga vunguza i ti nayo bhengu! bhengu! bhengu!

We suka yena wa ti nyelele, wa banga ekaya. Po, abantu be nga nakile. Ba loku be ti: "Umama lona u ya hlakula namhlanje, a ka hlali napansi." Be bona ingubo pela i bhenguza be ti naye u ya kupeza.

Ya fika insizwa endala ekaya. Ya dhla, ya dhla, sa ze sa bomvu, ya pindela ekuhlakuleni.

Hayi-ke senze njalo isalukazi saze sa kulupala. Indodana yaso ya qala ukusola ya ti: "Kwenziwa yini kuti ngoba ukudhla kwami ngi ku fice sekudhliwe, umama lona yena a kulupale manje? Qa, ngi zo-ke ngi hlale ekaya ngi ze ngi kubone loku okudhla ukudhla kwami."

## Imibuzo

1. Umakoti wa bonakalisa kanjani ukuti unina womyeni wake aka m katalele?

2. Yini eyenza ukuba indodana nomkayo ba cabange ukuti unina u ya hlakula naye?

3. Indodana zenzenjani lapa i funa ukubamba umuntu odhla ukudhla kwayo na?

## ISIFUNDO 36

### ISALUKAZI NOMLOBOKAZI—ISIQEPU SESIBILI

| | | |
|---|---|---|
| DEDELELE. | EMTONJENI. | UBUQILI. |
| INDHLEBE. | GCWALISA. | EMADOLWENI. |
| ISIGUBHU. | UNOGWAJA. | HXWE. |

KWATI ngelinye ilanga ya hlala emuva kwesivalo indodana yalesisalukazi. Bala wa ngena unina emini. Wa nele wa ngena-nje ya ti: "Hawu! mama kanti nguwe lona odhla ukudhla kwami?" A ti dedelele naye lapo.

Ya se i ti-ke indodona yake: "Hamba-ke, mama u yo ngi kelela amanzi lapa ku nga kali kona 'xoxo, lapa ku kala kona indhlebe yenyamazane. Mi, nasi isigubhu." Si nga ti vu isalukazi.

Sa hamba, sa hamba, sa fika emtonjeni sa ti: "A ku kali xoxo lapa?" A ti amaxoxo: "Hxwe! hxwe! hxwe! si kona." Se dhlulela pambili-ke. Sa fika komunye umtombo nakona sa ti: "A ku kali xoxo lapa?" A ti amaxoxo: "Hxwe! hxwe! hxwe! sikona."

Sa hamba, sa hamba, sa ze sa fika komunye umtombo sa buza sa ti : " A ku kali xoxo lapa ? " Kwati du. Sa pinda futi sa buza, kwa ti du. Sa waka amanzi sa gcwalisa isigubhu.

Sa se si puza naso ngoba sa se somile. Sa ti : " Hawu ! amanzi amnandi kangaka ! " Sa wa puza a gcwala isisu, aze a si hlala emadolweni, se hluleka nokusukuma.

Lomtombo pela kwaku ngowezinyamazane. Za fika-ke izinyamazane za ti : " U hlaleleni lapa emtonjeni kaMnamata na ? U yez'ubaba."

Bala ya fika inkosi yezinyamazane, ya ti isalukazi a si lindwe unogwaja nocakide.

Kwatiwa oyosipelekezela u yo bonakala ngamazolo.

Kwati lapa se zi lele izinyamazane zonke, nonogwaja wozela wa lala. Ucakide wa si pelekezela isalukazi wa ze wa si beka ngasekaya, wa buyela ezinyamazaneni wa fike we sulela amazolo kunogwaja.

Kute kusa isalukazi sa se si te nya. Kwa se ku bhekwa inyamazane enamazolo ; a finyaniswa kunogwaja. Wa bulawa. Nampo ubuqili bukacakide.

Iqina li pum'embizeni.

Zi ya pela lapo ezikaCakijana : uCakide bogcololo, umpepeti wezinduku zabafo.

### Imibuzo

1. Yatini indodana yesalukazi lapa i si nika isigubhu ?
2. Kwaku ngokabani umtombo e saka kuwo amanzi ?
3. Ngubani owasindisa isalukazi ezinyamazaneni ?